INKULUMO YESABELOMALI

NGOWEZI 2018/19

NKK. BELINDA FRANCIS SCOTT

UNgq. WezeziMali

INkulumo yeSabelomali eyethulwe nguNgqongqoshe wezeziMali uBelinda Scott ziyi 16 March 2018:
ISabelomali soNyakamali wezi 2018/19 esiShayamthetho sesiFundazwe

ISBN No.: 1-920041-22-2

Uma ufuna ukuthola amanye amakhophi alo mqulu, sicela usithinte lapha:
Provincial Treasury
Treasury House
5th Floor
145 Chief Albert Luthuli Road
Pietermaritzburg
3201
P.O. Box 3613
Pietermaritzburg
3200
Tel: +27 (0) 33 – 897 4310
Fax: +27 (0) 33 – 897 4617

INkulumo yeSabelomali eyethulwe nguNgqongqoshe wezeziMali uBelinda Scott ziyi 16 March 2018:
ISabelomali soNyakamali wezi 2018/19 esiShayamthetho sesiFundazwe

ISIFUNDAZWE IKWAZULU-NATAL

Inkulumo yesabelomali eyethulwe nguNkk. B.F. Scott

UNgq. wezeziMali,

Kwethulwa iSabelomali kunyakawezimali wezi 2018/19 esiShayamthetho sesiFundazwe

16 March 2018

Uqagulo lweWorld Bank, International Monetary Fund kanye ne-Organisation for Economic Co-operation and Development (OECD) ngowezi 2018 lukhombisa ukuthuthuka komnotho emhlabeni (cyclical recovery), okukhombisa ukubuya kokutshalwa kwezimali nokwenza kangcono embonini yezokukhiqiza. Ngenxa yalokhu, kulindeleke ukuthi umnotho womhlaba ukhule ngama 3% futhi ngo 3.9% ngowezi 2018 kanye nowezi 2019.

Kulandela lesi simo ezingeni lomhlaba, umnotho waseNingizimu Afrika ukhule nge 1.3% ngonyaka owedlule, futhi kulindeleke ukuthi wenze kangcono ufinyelele kwi 1.5% ngalo nyaka kanye ne 1.8% ngowezi 2019. Lokhu kukhula okulindelekile kuzokhuthazwa kakhulu ukwesekwa ngabezamabhizinisi kanye nabatshalizimali, ukukhula kwamandla eRand kanye nokwehla kwentengo yamanani ezimpahla, futhi lokhu kuzolekelela abathengi.

Lesi simo esibuyisa ithemba ngomnotho waseNingizimu Afrika sesekwa imibiko yakwa-OECD, kanye nowakwaGoldman Sachs ebalula ukuqina kwamaxhama kwezohwebo, nokulindeleke ukuthi kuthuthukise ukuthunyelwa kwemikhiqizo emazweni angaphandle, kanjalo futhi nokutshalwa kwezimali okuzothuthukisa umnotho ngowezi 2019. Kepha izinselelo ezibheke leli lizwe esikhathini esizayo, sibala kuzo ukwakhiwa komnotho onamandla, obandakanye abantu bezinhlangazonke, futhi okwaziyo ukumelana nazo zonke izimo eziqhamukayo.

Uqagulo lokukhula komnotho ku zwelonke kuphinde kuvezwe inkomba ebuyekezwa ngezigaba zonyaka yakwaBarclays Purchasing Managers ebizwa ngePMI, ekhule yafikelela kumaphuzu angama 50.8 ngo-February kunyaka wezi 2018. I-PMI ngo-February ikhomba ukuthi imboni yezokukhiqiza iqale unyaka isesimweni esihle uma uqhathanisa nasesikhathini esingaphambili. Le nkomba enhle iphinde yesekwe inkomba yeSouth African Chamber of Commerce and Industry yokusebenza kwamabhizinisi, ekhule yafinyelela kuma 96.4 ngo-December kowezi 2017 isuka kuma 95.1 ngo-November wezi 2017.

Umumo womnotho eKZN

Njengasoqagulweni lwakuzwelonke, umumo womnotho wesifundazwe ungokhulayo kodwa kulindeleke ukuthi ukhule nge 1.2% kanye ne 1.3% ngowezi 2018 kanye

nakowezi 2019, ngokulandelana. Izimboni okuyizona ezihamba phambili ekufukuleni umnotho waseKZN, ikakhulukazi ekuvuleni amathuba emisebenzi nokulwa nobubha, yilezi: ezemikhiqizo, ezokwakha, ezokuthutha, ezezimali, ezokuvakasha, kanye nezinye. Ukuba ngcono kwesimo somnotho kulabo esihwebelana nabo kuzosiza iKZN, njengoba lesi sifunda sibambe iqhaza elikhulu emnothweni wezwe waseNingizimu Afrika.

Umgomo wezezimali

Somlomo, nakuba kunalesi simo somnotho esethembisayo, umnotho wezwe usengaphansi kwengcindezi enkulu, okuphoqa ukuthi sithathe izinqumo ezinzima. Njengoba eshilo ngenyanga edlule lowo obenguNgqongqoshe wezeziMali, uMhlonishwa uMalusi Gigaba, ngesikhathi ethula isabelomali sikazwelonke, nguyacaphuna, "Iziphakamiso ngezezimali zizodala isimo esingemnandi, kodwa zibalulekile ukuze sivikele izimali zomphakathi".

Intela iVAT yenyusiwe yaba ngama 15%, ekubeni imali ezosetshenziswa nguhulumeni yehliswe ngezi R85 billion eminyakeni emithathu ezayo. Kodwa-ke, kuthe nakuba kuthathwa lezi zinqumo ezinqala, sizamile ukuqinisekisa ukuthi lezi zinqumo zifezekiswe ngendlela evikela ukuhlinzekwa kwezidingongqangi. Kwenziwe isibophezelo sokukhokhela imfundo yamahhala emazingeni aphakeme kanti lolu hlelo seluqalile.

UNgqongqoshe obephethe waveza ukuthi, nakuba kukhona ukuba ngcono kwesimo sezomnotho, uhulumeni usabhekene nokushoda kwemali eyizi R48.2 billion kulo nyakamali, kuya phambili. Kodwa-ke, kulindeleke ukuthi lesi samba sehle sisuka kuma 4.3% omnotho wezwe GDP kulo nyaka siya kuma 3.5% ngonyakamali wezi 2020/21. Uma le mali iyincane, iRandi linamandla, kanti sisebenzisa imali encane ukukhokhela izikweleti lokhu kuzoholela ekutheni isikweleti sikahulumeni sibe kuma 56.2% omnotho wezwe ngonyakamali wezi 2022/23.

Lolu shintsho luveza ukuthi umumo wezomnotho nowezezimali usuba ngcono kusukela kwethulwa iSabelomali saphakathi nonyaka kuzwelonke.

Lokhu kusimama kumele kwenze izikhungo ezicwaninga isimo somnotho wamazwe zibuke isimo sezwe ezikweletini ngendlela engcono futhi kuyisizathu esenele ukuthi izwe lingehliselwa esigabeni sikavobe kwezokubolekiswa kwezimali uma abakwaMoody's bekhipha umbiko wabo ngoLwesihlanu wesonto elizayo (23 March 2018).

ISIMO SESABELOMALI NOKUBHEKELELA EZEZIMALI

Ngokwesimo sikaZwelonke

Izindawo okugxilwe kuzo kanye nezinto eziseqhulwini ngowezi 2018 yilezi: ukusungulwa kwamathuba emisebenzi, kanye nokuthuthukiswa kwamabhizinisi amancane, ukuthuthukisa intsha, ukuthuthukiswa kwengqalasizinda, ukudidiyela kwezinhlelo ngokwezifunda nentuthuko, izinguquko kwezemihlaba kanye nokuthuthukisa ezolimo, ukuvikela okuphelele komphakathi, ezempilo kanye namakhono, kanye nohlelo

oludidiyelwe lokulwa nobugebengu. Ethula inkulumo yakhe ngeSimo sesiFundazwe, mhla zingama 28 February, uMhlonishwa uNdunankulu wamemezela ukuthi isifundazwe sethula isiKhwama sokuThuthukisa iNtsha wabuye wathi imali eyabiwe njengamanje izobuye ibuyekezwe ukuqinisekisa ukuthi okungenani izi R50 million zifakwe kulesi siKhwama. Lokhu kuzoqinisekiswa uma sekwethulwa iSabelomali esiBuyekeziwe sowezi 2018/19.

Lokhu kumele sikubuke ngeso lesimo somnotho wezwe, njengoba lesi simo silawula ukuthi sinayo yini imali eyanele yokuthi siqalise lezi zinhlelo ngokushesha. Ingcuphe ezingeni lomhlaba kanye nakwelezwe iyaqhubeka nokuba khona, ikakhulukazi ngasekuqoqweni kwezimali, kanti umthwalo wethu wokukhokhela izikweleti usemkhulu. Kungaphansi kwalesi simo, nanokuthi siqinisekise ukuthi ukuvala igebe kwezezimali kuyenzeka futhi kukhokhelwa izinto ezifakwe ohlwini oluseqhulwini, njengoba siqinisekisa ukuthi siyaqhubeka nokulandela uhlelo loMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke lokuhlela kabusha izimali.

Ukuncishiswa kwezabelo okwenzeke kuzo zonke izigaba zikahulumeni ezintathu kuloNyakamali wezi 2018/19 MTEF kufanele ukuze sigcine izimali zezwe lethu ezingeni esingalikhona. Ezifundazweni, ukuncishiswa kube sezabelweni zemali kanye nasesezibonelelweni ezinemibandela, lapho uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke ekhombise ukuthi bazamile ukuthi ukunciphisa ezabelweni zezifundazwe kube kuphansi kakhulu. Ngale ndlela, ingxenye efanele yomthamo wemali ongena kulolu hlelo lokubuyekezwa kwemali eqondene nalezo zibonelelo ezinemibandela ezingenzi kahle kanye nezibonelelo zengqalasizinda ezingakwazi ukubhekana nokuhlehliswa kwesikhathi sokuqala kwemisebenzi esihleliwe.

Kungaphansi kwalesi simo ukwethulwa kwesabelomali sesifundazwe namhlanje.

Isimo sesifundazwe

Kuyaphinda futhi, imali eyabelwe iKwaZulu-Natal iyancishiswa kunyakamali wezi 2018/19 nokungikhumbuza amazwi kaMadiba wethu mhla ethi *“Emva kokufinyelela esiqongweni sentaba enkulu, umuntu uthola ukuthi kunezinye izintaba okusafanele azenyuke.”* Kubukeka sengathi lesi sifundazwe kudingeke senyuke izintaba eziningi kuleminyaka embalwa edlule, kanti kusenezinye okusamele sizenyuke eziphambili kwethu.

Okunye ukuncishiswa kwesabelomali okwenzeke kulesi sifundazwe kumayelana nemininingwane yonyaka yokubala isabelomali, kanti okunye kumayelana nokulandela uhlelo loMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke lokunciphisa izindleko. Njengoba kushiwo, uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke uvezile ukuthi kwenziwe imizamo ebingenzeka yokuvikela isabelomali sesifundazwe kulokhu kuncishiswa kwemali.

Ushintsho olwenziwe ohlakeni lwesabelomali kuNyakamali wezi 2018/19 ezweni lukhombisa kokubili ukuncishiswa kwezindleko zikahulumeni kanye nezengezo

zokulekelela izifundazwe ukuthi zikwazi ukumelana nezingcindezi ezibhekene nazo, ngizochaza kabanzi ngalezi zongezo maduzane nje.

Njengoba bese kuchaziwe, kunezinhlobo ezimbili zokuncishiswa kwemali eyabelwe isifundazwe kodwa, ngakwelinye icala, imali eqoqwe isifundazwe ibuyekezwe yakhuphuka kancane uma uqhathanisa noNyakamali owedlule. Kukhona ukuncishiswa kwesabelomali kwizibonelelo ezinemibandela esifundazweni ngaphansi kohlelo lokuhlelwa kabusha kwezimali. Lokhu kuzochazwa kabanzi ngokuqhubeka kwenkulumo.

KZN's Provincial Equitable Share (PES) amendments

Description	2018/19	2019/20	2020/21
1. PES reduction due to data updates of formula	(216 033)	(249 029)	(507 354)
2. Fiscal consolidation budget cuts	(303 318)	(333 621)	(353 910)
3. Own Revenue (OR) update	43 404	40 578	(17 413)
4. Total PES and OR adjustments	**(475 947)**	**(542 072)**	**(878 677)**

Ukuncishiswa kokuqala kwesabelomali kumayelana nokubuyekezwa kwendlela yokubala isabelomali. Lokhu kukhonjiswe emuGqeni 1 ethebuleni. Le ndlela ibuyekezwa njalo ngonyaka ibuka izinombolo zezingane zesikole, ubuningi babantu abagulayo ezibhedlela, kanye nobuningi babantu, phakathi kokunye. Imali entsha eyabelwa izifundazwe ifakwa eminyakeni emithathu, kanti isabelo seKZN simi ku 21% ekupheleni kwale minyaka, kusukela ngo 2017/18 (imi ku 21.1%). Nakuba ukwehla kubukeka kukuncane ngokwephesenti, kodwa umphumela wakho mukhulu uma uwuqhathanisa ngokwesisindo seRandi ngenxa yobungako kwesabelomali sesifundazwe. Ngalokhu isifundazwe silahlekelwa izi R216 million, R249 million kanye nezi R507.4 million ngalo Nyakamali.

Ukuncishiswa kwesabelomali sesibili sesifundazwe kukhuluma ngohlelo oluqhubekayo loMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke. Lokhu kuncishiswa kwesabelomali kukhonjiswe emuGqeni wesi 2 ethebuleni. UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke ukhombise ukuncishiswa kwesabelomali okukhulu ezigabeni ezintathu zikahulumeni, kanti lokhu kunciphisa kufinyelela kwizi R85 billion njekusho kwesabelomali esibuyekeziwe ngasekupheleni konyaka owedlule. Lokhu kuncishiswa kwesabelomali kwenzelwa ukuthi izwe libe esimweni esingcono. Kulokhu kuncishiswa kwesabelomali, iKZN incishiselwe izi R303.3 million, R333.6 million kanye nezi R353.9 million kulo Nyakamali.

Njengoba sekushiwo, izinombolo zikhombisa ukuthi imali eqoqwe isifundazwe ibe nokwenyuka okuncane kulo Nyakamali, imbangela yalokhu ukulindeleka kwenzalo emalini okulindeleke ukuthi iqoqwe. Lokhu kuyasiza ukuvala isikhala esidalwa ukuncishiswa kwesabelomali njengoba kukhonjisiwe emGqeni wesi 3.

Ngenxa yalokhu kuncishiswa kwesabelomali, iKhabhinethi lesiFundazwe libambe iLekgotla yezeziMali mhla ziyi 7 February 2018 lapho yanquma khona ukuthi lokhu kuncishiswa kwesabelomali kuzokwenziwa kanjani, kodwa kuzanywe ukugwema ukuphazamisa izinhlelo ezisemqoka isifundazwe esizimisele ukusebenzisa imali kuzo futhi sivikele izinhlelo zokuhlinzekwa kwezidingo ezisemqoka.

Ukucaphuna uGeorge Osborne: *“Ukunciphisa igebe lesabelomali akusiyona into encane kwezomnotho.”*

ILekgotla yezeziMali yabheka ukuthi lona unyaka wesihlanu ilandelana isabelomali sesifundazwe sincishiswa ngale ndlela. Lokhu kusho ukuthi kuzoba nzima ukubhekana nalokhu kuncishiswa kwesabelomali, nokuthi futhi ukuqhubeka nohlelo lokunqanda izindleko eminyangweni kahulumeni lodwa akwanele ukubhekana nalokhu kuncishiswa kwesabelomali.

Le Lekgotla yeziMali (ingqungquthela ecubungula ngezimali) yabanjwa emva kokuthi oNgqongqoshe bezeziMali ezifundazweni kade bebizelwe emhlanganweni woMkhandlu weSabelomali owawumhlaka 30 January 2018. Ngenxa yokuthi lokhu kuncishiswa kwaphothulwa isikhathi sesihambile, kwavunyelwanwa ukuthi ukuncishiswa kwesabelomali okwangowezi 2018/19 kuzokwenzeka kangangobungako kwayo yonke imiNyango eyi 15 kepha, nakuba iminyango yayizokwaziswa ngobungako bokuncishiswa kwesabelomali ngokushesha uma kuphela iLekgotla, lokhu kuncishishiswa kwakuzoqala ukwenzeka uma sekubuyekezwa iSabelomali sowezi 2018/19. Lokhu kwenziwa ukuze iminyango ibe nesikhathi sokubuyela emuva iye kohlela ukuthi yayizonciphisa kuphi nangendlela okuzokwenziwa ngayo. Ukuncishiswa kwesabelomali kudingeka kuphela ngowezi 2018/19, njengoba isiKhwama esiBheke izimo ebezingaLindelekile sabeka isi R1.3 billion kuNyakamali wezi 2019/20 kanye nowezi 2020/21 uma kwethulwa isabelomali ngonyaka odlule. Umehluko phakathi kwezi R650 million wesiKhwama sezimo ebezingaLindelekile iKZN ehlala izibeke eceleni, kanye nesisiKhwama esiBheke izimo ezingaLindelekile esithe xaxa saba yisi R1.3 billion ube ususetshenziswa ukuvala ukuncipha kwesabelomali kuleyo minyaka emibili.

Iminyango inikwe umsebenzi wokuthi iveze eMnyangweni wezokuGcinwa kwaMafa ukuthi kuzoba yini umphumela wokuncishiswa kwesabelomali ukuze lokhu kwethulwe phambili kwesiGungu sikaNdunankulu. Imininingwane yalokhu kuncishiswa kuzochazwa kabanzi uma sengithula iSabelomali esiBuyekeziwe ngasekupheleni kwalo nyaka.

Kulesi simo sezimali esincikiselayo, sizokwenza okusemandleni ukufeza izibophezelo nalokho uNdunankulu wethu asiyalele ukuba sikwenze ngesikhathi ethula iNkulumo yesiFundazwe ngo 2018.Sizohola ngokwethembeka bese siqinisekisa ukuthi sikhulisa umnotho obandakanya bonke abantu, osisebenzelayo futhi ohlinzeka izidingo kubantu ngendlela engcono.

Ukwengeza kwisabelomali saseKZN

Ngaphandle kokuncishiswa kwesabelomali, uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa ubuye wengeza ezinye izimali ezimalini zesifundazwe, ikakhulukazi onyakeni ongaphandle koNyakamali besikhathi sika 2018/19.

UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi uthola izi R45.1 million ngowezi 2019/20 kanye nezi R47.5 million ngowezi 2020/21 ukwelekelela izinhlangano ezihlinzeka imisebenzi yezenhlalakahle okufanele ngabe kwenziwa umnyango. UMnyango

wezokuThuthukiswa koMphakathi uphinde uthole imali yezinhlelo zokuvimbela kanye nokungenelela ngokushesha ukulwisana nokuhlukunyezwa kwabesifazane nezingane. Izi R42.4 million, R60.2 million kanye nezi R63.4 million zihlinzekiwe kulo Nyakamali ukuqinisa umsebenzi kule ndawo.

UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa uhlinzeka isamba sezi R2 billion ngowezi 2020/21 kanti le mali ihlinzekwa ngobungako beminyango, ihlinzekelwe ukuvala izikhala ezidalwe isivumelwano samaholo abasebenzi esingaphezulu kwalokho okwakulindelekile.

IZIMALI ZEZIDINGO EZIMQOKA ZESIFUNDAZWE

Itafula elingezansi lifakwe ukuze libe isikhumbuzo sezinto ezehlukene ezisemqoka zesifundazwe ezafakelwa imali ngemiNyakamali edlule kanye nangeSabelomali esiBuyekeziwe ngowezi 2017/18, kodwa kwaziwa ukuthi zizothola isongezo sezimali ngeSabelomali sowezi 2018/19.

Provincial priorities funded using Provincial Cash Resources

Description	2018/19	2019/20	2020/21
Funded from 2016/17 Net Financial Position	**61 440**	**128 112**	**-**
V2: Zero-base adjustment	-	34 569	-
V9: Carry-through for new structure	8 515	-	-
V15: Archive Repository	52 925	93 543	-
2016/17 Main Budget	**55 082**	**-**	**-**
V1: Poverty Eradication Master Plan	12 919	-	-
V2: Zero base budget adjustment	32 923	-	-
V4: Rhino anti-poaching	9 240	-	-
In 2017/18 MTEF	**821**	**879**	**-**
V1: KZNGBB offices	821	879	-
Changes from 2017/18 Net Financial Position	**295 211**	**(26 232)**	**25 908**
V15: Archive rescheduling	(52 925)	(93 543)	-
V15: Archive rescheduling	73 130	67 311	25 908
V15: Arts Academy resched. & change in purpose (Winston Churchill)	18 500	-	-
V15: Arts Academy resched. & change in purpose (Music Academy)	13 000	-	-
V13: Suspension from 2017/18	55 000	-	-
V5: Disaster relief September 2017 wind storms	20 000	-	-
V5: Disaster relief October 2017 flooding	63 800	-	-
V7: Disaster relief October 2017 flooding	50 450	-	-
V6: Treasury/ Health assistance plan	15 500	-	-
V7: Treasury/ Health assistance plan	38 756	-	-
Total funded from Provincial Cash Resources	**412 554**	**102 759**	**25 908**

Ngeke ngingene kwimininingwane ngalezi zabelo njengoba zachazwa ngokwenele ezinkulumweni zesabelomali esikhulu nesibuyekeziwe ezedlule. Ngizokha phezulu kuphela kwizabelo ezimbalwa:

- Itafula likhombisa ukubuyekezwa kwesikhathi sokufakwa kwemali ye-**Archive Repository** ngokwezidingo zalolu hlelo, njengokucela koMnyango wezobuCiko namaSiko. Libuye likhombise ukumiswa kwezimali kusukela ngowezi 2017/18 kuya kowezi 2018/19 kanye nokushintsha kwesidingo sezimali ebizosetshenziswa uMnyango wezobuCiko namaSiko uku **ukulungisa iWinston Churchill Theatre** kanye nokufaka imali kwi**Music Academy eLadysmith**.

- UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi kade ucele ukuthi izi R55 million zimiswe kwisabelomali sawo ngowezi 2017/18 bese le mali ibuyiselwa kubo ngowezi 2018/19. Le mali izosetshenziswa ngowezi 2018/19 **emisebenzini eyehlukene yokuthuthukisa ingqalasizinda** (R21 million), ukuthenga **amathuluzi omsebenzi** (R16 million) kanye **nengqalasizinda ye-ICT** (R18 million).
- Iminyango yezeMfundo nowezeMpilo yayicele ukuthi **imali yenhlekelele** eyayibekelwe yona (iminyango) ukulungisa umonakalo owadaleka kwingqalasizinda ngesikhathi sesiphepho esinamandla esifundazweni ngo September nango October 2017, ifakwe ingxenye ngowezi 2017/18 kanye nenye ingxenye ngowezi 2018/19, kanti lokhu kuzokwenzeka ngokuhlinzeka lezi zimali kule minyango kwisabelo esikhulu ngowezi 2018/19.
- Ngokufanayo, **uhlelo lokwelekelela phakathi kowezokuGcinwa kwaMafa/ nowezeMpilo**, ezinye zezimali zafakwa kowezeMpilo nakowezokuGcinwa kwaMafa ngowezi 2017/18 kanti ebisele izofakwa ngowezi 2018/19, njengokwezidingo zomsebenzi.

UHLAKA LWESIFUNDAZWE LWEZEZIMALI NGOWEZI 2018/19

Uhlaka lwesifundazwe lwezezimali lubuka ushintsho kwisabelomali, izibonelelo ezinemibandela kanye nemali eqoqwe yisifundazwe, kanye nemisebenzi emqoka ekhokhelwe kusetshenziswa imali yesifundazwe.

Summary of provincial fiscal framework

R thousand	2018/19	2019/20	2020/21
1. Receipts			
Baseline allocation	**122 912 369**	**131 629 852**	**137 688 095**
Transfer receipts from national	119 719 335	128 320 824	134 197 070
Equitable share	*99 740 600*	*106 840 842*	*112 717 088*
Conditional grants	*19 978 735*	*21 479 982*	*21 479 982*
Provincial own receipts	3 193 034	3 309 028	3 491 025
Increase / (Decrease) in allocation	**(659 215)**	**(1 687 296)**	**1 594 535**
Transfer receipts from national	(702 619)	(1 727 874)	1 611 948
Equitable share	*(476 919)*	*(477 340)*	*1 280 588*
Conditional grants	*(225 700)*	*(1 250 534)*	*331 360*
Provincial own receipts	43 404	40 578	(17 413)
Revised allocation	**122 665 708**	**130 045 316**	**139 308 538**
Transfer receipts from national	119 016 716	126 592 950	135 809 018
Equitable share	*99 263 681*	*106 363 502*	*113 997 676*
Conditional grants	*19 753 035*	*20 229 448*	*21 811 342*
Provincial own receipts	3 236 438	3 349 606	3 473 612
Provincial cash resources	412 554	102 760	25 908
2. Planned spending by departments	**122 491 654**	**129 300 386**	**138 658 538**
3. Contingency Reserve	**174 054**	**744 930**	**650 000**

Njengoba kushiwo, uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke unciphise isabelomali, nokube nomthelela omkhulu kwisabelomali sesifundazwe kanye nezibonelelo ezinemibandela, yize kulindeleke ukuthi leso sabelomali sibonelele ikakhulukazi uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi kanye nokubhekelelwa kwezimali zemiholo yabasebenzi okungenzeka zibe ngaphezulu kwesabelomali

ebesibekiwe onyakeni ongaphandle konyakamali ohlelelwa ukwabiwa kwezimali. Isifundazwe siqagule ukwenyuka okuncane kwengenisomali, nokulindeleke ukuthi ingxenye enkulu ivele eMnyangweni wezokuGcinwa kwaMafa. Itafula elingenhla liveza uhlaka lwezezimali kuNyakamali wezi 2018/19.

Isabelo esibuyekeziwe ngaphansi komuGqa 1 sikhombisa ukuthi isabelomali sesifundazwe esivela kuMnyango wesokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke siyizi R119 billion ngowezi 2018/19, R126.6 billion ngowezi 2019/20 kanywe nezi R135.8 billion ngowezi 2020/21. Uma sekuhlanganiswa nengenisomali kanye nezinye izimali zesifundazwe kulesi sabelomali, iba isamba esiyizi R122.7 billion, R130 billion kanye nezi R139.3 billion kulo nyakamali.

UmuGqa 2 ukhombisa ukuthi iminyango yesifundazwe ihlela ukusebenzisa izi R122.5 billion, R129.3 billion kanye nezi R138.7 billion kuNyakamali ozayo. UmuGqa 3 ukhombisa ukuthi isifundazwe siyaqhubeka ukuhlelela isiKhwama sezimo eziPhuthumayo, kanti unyakamali wezi 2018/19 ukhombisa ukuthi usalelwe izi R174.1 million kuphela. Njengoba sekushiwo, iMinyango uzoqala ukunciphisa izabelomali eziyizi R475 million kusukela manje kuze kube yisikhathi sokubuyekeza izabelomali ngenyanga ka November 2018, lokhukuncishiswa kwezabelomali kuzokhuphula isiKhwama esiBhekelele izimo eziPhuthumayo sibuyele kwizi R650 million, ngonyakamali wezi 2019/20 sibe yizi R744.9 million, nezi R650 million ngonyakamali wezi 2020/21.

Lesi siKhwama esiBhekelele izimo eziPhuthumayo sigcinelwa izizathu eziningana, okubalwa kuzo nokuvikelwa kwesifundazwe uma kunengcindezi ephoqa ukusetshenziswa kwezimali ngezimo ezingalindelekile njengesimo sesomiso.

IZIBONELELO EZINEMIBANDELA

Njengoba sekushiwo, uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke wasazisa ukuthi ukuncishiswa kwezabelomali ngoba kuhlelwa kabusha izimali kwenziwa nakwizibonelelo ezinemibandela zezifundazwe. Ingxenye yokunciphisa izibonelelo ezinemibandela zaseKZN iyizi R225.7 million kuNyakamali wezi 2018/19 kanye nezi R1.3 billion kuNyakamali wezi 2019/20, kanti ikhuphuke ngezi R331.4 million ngowezi 2020/21. UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa ukhombise ukuthi kube nokuhlela kabusha nokuncishiswa kwezinhlelo kwizibonelelo ezikhula ngokushesha, ezisebenzisa imali ngesivinini esiphansi/noma lapho umthelela wokukhula komnotho nokuhlinzekwa kwezidingo uphansi khona. Ezinye izibonelelo zihlomulile ekwandisweni kwesabelomali, kanti **isibonelelo esisodwa esisha** sifakwe ngaphansi kohlaka lwesabelomali.

Lokhu okulandelayo izichibiyelo ezenziwe kwimiklamo yezibonelelo ezinemibandela:

- **Isibonelelo sokuNakekelwa koMhlaba** esingaphansi koMnyango wezoLimo kanye nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya sincishiswe ngezi R985 **000** kowezi 2019/20 kanye nezi R302 000 ngowezi 2020/21, kanti akukho mali efakiwe

noma encishisiwe ngowezi 2018/19. Lesi sabelomali sifinyelela kwizi R12 million, R12.4 million kanye nezi R13.1 **million** kulo Nyakamali.

- **Isibonelelo esigcwele sokulekelela kwezoLimo (CASP**), sincishiswe ngezigidi ezingama R36.5 ngonyaka wezi 2019/20 kanye nezigidi ezingama R22.6 ngonyaka wezi 2020/21. UMnyango wezoLimo, ezokuDoba namaHlathi kuZwelonke sewunqume ukushintsha nokuthuthukisa lomkhakha, kubandakanya nokugqugqumezela ukuhweba ngemikhiqizo kubalimi abamnyama ababukeka bezokwazi ukukwenza lokhu. Ngaleyondlela ke izimali ebezibhekwe yisiFundazwe zincishisiwe ukuze zibe yingxenye yaleyo engaphansi kwaloMnyango. Lena ke yindlela yokuhlanganisa izimali ukuze kusizakale abalimi abafuna ukudayisa imikhiqizo ngokuthola izimali ezivela kuhulumeni nasezimbonini ezizimele.

- **Isibonelelo iLima/Letsema** esingaphansi koMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya sizothola imali ekhushuliwe eyizigidi ezingama R4.1 ngonyaka wezi 2020/21. Lesi sibonelelo sizoba izigidi ezingama R71.3, R75.3 kanye nezingama R79.4 esikhathini esiyiminyaka emithathu yezimali.

- **Mayelana nesibonelo se EPWP,** IsiFundazwe sithola izigidi ezingama R124.6 ngowezi 2018/19 nokuyimali ekhuphukile isuka kwizigidi ezingama R78.2 yango 2017/18. Le mali yabelwe iminyango kanje:

  – OwezoLimo uthola R7.3 million
  – OwezobuCiko namaSiko uthola R2 million
  – OwezokuBusa ngokuBambisana nezoMdabu uthola R4.6 million
  – OwezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nezeMvelo uthole R3.7 million
  – OwezeMfundo uthola R2 million
  – OwezeMpilo uthola R8.9 million
  – OwezokuHlaliswa kwaBantu uthola R11.5 million
  – OwezeMisebenzi YoMphakathi uthola R6 million
  – Sport and Recreation uthola R2 million
  – OwezeMidlalo uthola R2 million
  – OwezokuThutha uthola R76.6 million

- IsiFundazwe sithola izigidi ezingama R76.4 ngonyaka wezi 2018/19 (nokuyimali encishisiwe isuka kwizigidi ezingama R78.2 ezazitholwe ngowezi 2017/18) nokwakuqondene nesibonelelo sezenhlakahle se EPWP esabelwe iminyango kanje:

  – OwezokuPhepha koMphakathi nezokuXhumana uthola R10.3 million
  – OwezeMfundo uthola R27 million

- OwezeMpilo uthola R24.2 million
- OwezokuThuthukiswa koMphakathi uthola R13.5 million
- OwezeMidlalo nokuNgcebeleka uthola R1.4 million

- **Isibonelelo seNgqalasizinda yezeMfundo** sincishiswe ngezigidi ezingama R57.9, R237.4, R40.7 esikhathini esiyiminyaka emithathu yezezimali ngenxa yomkhankaso wokubhekelela ukusebenzisa imali kulokho okuyizidingo -ngqangi kuphela. Isamba esibuyekeziwe esisha salesi sibonelelo siyigidigidi ezingama R1.9, R1.8 kanye nezingama R2.

- **Isibonelelo esibhekele ukulwa ne Ngculaza** ngaphansi koMnyango wezeMfundo sincishiswe ngezinkulungwane ezingama R447 ngowezi 2018/19 kanye nangezingama R539 ngowezi 2019/20, kube futhi kukhombisa ukukhula kwe inflation ngezigidi ezingama R2.8 ngonyaka wezi 2020/1, ngesabelo esizofika kwizigidi ezingama R58.9, R62.2 kanye nesika R65.5 eminyakani emithathu yezimali.

- **Isibonelelo sikazwelonke esibhekele ukudla kwabantwana ezikoleni** esingaphansi koMnyango wezeMfundo sikhombisa ukukhula kwe inflation kunyaka wokugcina we MTEF kanti futhi asiphazanyiswa ukubuyekezwa kwezimali okuhambisana nokuncishiswa kwazo. Lesi sibonelelo siyizigidigidi ezingama R1.5, R1.6 kanye nezingu R1.7 eminyakeni emithathu yezezimali.

- **Isibonelelo esibhekele ezeZibalo, Sayensi nezobuChwepheshe bamakhompuyutha** esingaphansi koMnyango wezeMfundo sincishiswe ngezigidi ezingama R1.8, R1.9 ngezi 2018/19 kanye nangowezi 2019/20, bese iyakhuphuka kancane ngezinkulungwane ezingama R552 ngowezi 2020/21. Lesi sibonelelo sizofinyelela kwizigidi ezingama R61.2, R66.6 kanye no R67.1 eminyakeni emithathu yezezimali.

- **Isibonelo esibhekele abaFundi abanokuKhubazeka kweNgqondo** saqala ngonyaka wezi 2017/18 kanti manje sesithola ukukhushulelwa ngesamba esiyizigidi ezingama R12.5, R15.7 kanye nezingama R18 eminyakeni emithathu yezimali. UMnyango wezeMfundo eyisiSekelo wenza ushintsho kulesi sibonelelo ngenhloso yokuthi isifundazwe ngasinye sithole leyomali ezobhekela ubungako bezidingo zalaba bafundi kuphela.

- **Isibonelelo esibhekele ezokuQeqeshwa nokuThuthukiswa koLwazi kwabazeMpilo** esingaphansi koMnyango wezeMpilo sizokhuphuka ngezigidi ezingama R20.4 ngowezi 2020/21. Lesi sibonelelo sabelwe ngezigidi ezingama R351.2, R370.9 kanye nezingama R391.3 eminyakeni emithathu yesabelomali.

- **Isibonelelo esibhekele ezokuLungiswa kweZikhungo zeMpilo** sizokhushulelwa ngezigidi ezingama R74.5 ngowezi 2018/19, inciphe ngezingama R38.1 ngonyaka wezi 2019/20, iphinde ikhuphuke ngezingu R25.3 ngowezi 2020/21. Sekukonke lokhu kuzokwenza ukuthi lesi sabelo sibe yizigidigidi ezingama R1.2,

R1.1 kanye no R1.2 eminyakeni emithathu yezimali (MTEF). Kukhona okwenziwa ukunciphisa lesi sibonelelo okuhambisana nohlelo lokubuyekeza ukusebenza kwemali kahulumeni, kodwa isiFundazwe iKwaZulu-Natal sisahlomula kunyaka wezezimali ka 2018/19.

- **Isibonelelo esibhekele ezokuphathwa KweMfundo ePhakeme kuZwelonke** sizokhushulelwa ngezigidi ezingama R127 ngonyaka wezi 2020/21. Isabelo sakhona siyizigidigidi ezingama R1.8, R1.9 kanye no R2 kuMTEF.

- **Isibonelelo esibhekele iHPV** sizokhula ngezigidi ezingama R2.6 bese isamba sesisonke kwi MTEF sibe yizigidi ezingama R45, R47.5 kanye nezingama R50.1

- **Isibonelelo esibhekele ukulwa ne HIV, AIDS ne TB ngokuhlanganyele** sizokhuphuka kwi MTEF ngezigidi ezingama R191.3, R2.5 kanye nango R590 ngenhloloso yokusabalalisa amaphilisi athithibalisa ingciwane ama ARVs. Sesisonke isabelo siyizigidigidi ezingama R5.7, R6.1 kanye noR6.7 kwi MTEF. UMnyango kaMgcini mafa kaZwelonke uthe kujotshelelwe enye ingxenye kulesi sibonelelo nokuyingxenye emayelana nokuHambela iMiphakathi (Community Outreach). Kulesi sabelo esiyizigidi ezingama R262.4 kanye no R281.2, imali eyizigidi ezingama R281.2 izobekelwa lengxenye entsha enjotsheleliwe ukuze kufinyelelwe emiphakathini nalezi zinhlelo. Lokhu kwenziwa ngenhloso yokudidiyela uhlelo lokuhanjelwa kweziguli emakhaya olukhombise ukubaluleka kakhulu, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya kanye nalolu lwezempilo olujwayelekile lapho umuntu eziyela khona ezikhungweni zezempilo.

- **Isibonelelo esibhekele ukuThuthukiswa kwezokuHlaliswa kwaBantu** sizoncipha ngezigidi ezingama R578.3, R699 kanye R465.8 ngonyaka wezimali iMTEF, ngenxa yokubuyekeza kokusentshensizwa kwezimali zikahulumeni ngenxa yokusungulwa kwezibonelelo ezimbili ezintsha kulo mkhakha, nezaziwa nge sibonelelo sokuBuyekezwa kweziMvume zobunikazi bomuzi (Title Deeds) kanye nesibonelelo sokuHlaliswa KwaBantu ngaphansi kweZimo eziPhuthumayo (Emergency Housing) zonke ezingaphansi koMnyango kaZwelonke wezokuHlaliswa kwaBantu. Lesi sabelo ke sigcina sime kanjena: izigidigidi ezingama R3.2, R3.3 kanye nezingama R3.5 kwi MTEF. Uhlelo lokubheka lokho okuseqhulwini sekwenziwe nokuyinto ezokwenza ukuthi uMnyango ugxile kulezo zinhlaka ezizosheshe zibonakalise umehluko ukuze kesheshe kufezeke imigomo ye Mid Term Strategic Framework. Isibalo sezindlu, iziza kanye nawo wonke amathuba okuhlalisa abantu bekumele kuncishiswe ngenxa yokuncipha kwesabelo kulesi sibonelelo.

- **Isibonelelo sokuBuyekezwa kweziMvume zeMizi nemiHlaba** sisha futhi sizokwabelwa ngesamba sezigidi ezingama R101.4, R107.1 kanye nesingama R113 kwi MTEF. Lezi zimali bezibekiwe ngale kwisibonelelo sezokuHlaliswa kwaBantu ukuze kusheshiswe ukusetshenzwa nokunikezelwa kwezimvume zemizi nemihlaba. Lesi sibonelelo esisha sakhiwengokutomula le mali kwisibolelelo sokuHlaliswa KwaBantu ukuze kuqinisekwe ukuthi le mali yenza

khona ngqo lokhu eyabelwe kona. Lo Mnyango sewusebenze ngempumelelo ama Title Deeds angama 162 892 ebenganyakazi, kanti kumanje uzogxila kwamanye angu 138 496 asele kulo nyaka wezimali.

- **Isibonelelo esibhekele ukuzimbandakanya koMphakathi nokuThuthukiswa kwezeMidlalo** sincishiswe ngezigidi ezingama R33.3, R33.6 kanye nezingama R26.8 kwi MTEF yowezi 2018/19. Lokhu kwenza isabelo sonke sesihlangene sibe yizigidi ezingama R98.7, R104.9 kanye nezingama R111.6 kwi MTEF. Ukuze lezi zimali zinciphiseke, uMnyango wezeMidlalo nokuNgcebeleka wazise iziFundazwe ngesinqumo sokunciphisa isibalo semincintiswane kazwelonke. Lokhu kuncipha kwemiqhudelwane kuzobonakala kwikhakha ehlanganisa l KZN Gymnastics, KZN Hockey (Coastal and Midlands) kanye ne KZN Volleyball.

- **Isibonelelo esibhekele ukuLungiswa kweMigwaqo yesiFundazwe** sizoncishiswa ngezigidi ezingama R106.3, R298 kanye nezingama R200.8 kwi MTEF, nokuzeokwenza ukuthi uma lesi samba sesiphelele sibe yizigidigidi ezingama R1.8, R1.8 kanye nezingama R1.9 kwi MTEF. Le mboni yathatha isinqumo sokuvikela ukungancishwa kakhulu kwesibonelelo esibhekele UkuThutha uMphakathi nokugcine kwenza ukuthi izinciphiso zigcine kuphela esigabeni sokuLungiswa kweMigwaqo. UMnyango wezokuThutha uthe ukuncipha kwemali kuzophazamisa ukulungiswa kwemigwaqo kuphela.

- **Isibonelelo esibhekele UkuThuthwa koMphakathi** sithole ukuncishiswa okuncane ngezigidi ezingama R15.4 ngowezi 2018/19 no R16.2 ngowezi 2019/20, kodwa sikhula ngezigidi ezingama R62.1 ngowezi 2020/21. Isengezo esisha salesi sibonelelo siyizigidigidi ezingama R1.1, R1.2 kanye nezinye futhi ezingama R1.2 kwi MTEF. Lokhu kuncishiswa kuzophazamisa ukunikezelwa kwezokuthutha lokhu okuxhaswe uhulumeni kuphela.

- **Isibonelelo esibhekele ezeziNkulisa** siqale ngonyaka wezi 2017/18 sase sithola ukuncishiswa ngezigidi ezingama R4.8 kanye nangezingama R5.1 ngowezi 2018/19 kanye nowezi 2019/20 kodwa futhi sizokhuphuka ngezingama R2.5 ngonyaka wezimali wezi 2020/21. Lokho kwenza lesi sibonelo sabelwe ngezigidi ezingama R107.5, R113.6 kanye nezingama R121.2 nge MTEF wezi 2018/19. Lesi sibonelelo sinezinhlaka ezimbili: uhlaka lokuLungisa Izakhiwo olunesabelo esiyizigidi ezingama R10.1, R10.7 kanye nezingama R11.4 nge MTEF. Bese kubakhona uhlaka loXhaso olwabelwe izigidi ezingama R97.4, R102.9 kanye nezingama R109.8 nge MTEF.

- **Isibonelelo esibhekele ukuQashwa kosoNhlalakahle** siqale ngowezi 2017/18 kanti sithola isabelo esiyizigidi ezingama R4.2. Lokhu kwenza isabelo sesisonke sibe yizigidi ezingama R57.9, R62.5 kanye nezingama R66.7 nge MTEF. Lesi sibonelelo sizokwenza omkhulu umehluko ekunciphiseni inani losonhlalakahle abangasebenzi, okuhlanganisa nalabo abasohlangothini lwentsha yakithi.

- **Isibonelelo esibhekele ImiTapo yoLwazi** sincishiswe ngezigidi ezingama R8.3, R8.8 ngowezi 2018/19 kanye nowezi 2019/20, kodwa sizokhuphuka ngezigidi

ezingama R1.4 ngowezi 2020/21. Lokhu kuncishiswa kubangelwe ukuguqulwa kwendlela yokusebenzisa imali kahulumeni (fiscal consolidation) nokugcina kwenza lesi sibonelelo sabelwe izigidi ezingama R174.4, R183.9 kanye nezingama R194.1 kwi MTEF.

INGQALASIZINDA

Njengoba kuchazwe kabanzi kusomqulu onguMhlahlandlela wesiFundazwe l Provincial Growth and Development Plan yowezi 2018, ngaphansi kwenjongo yesine (Strategic Goal 4) esikhuluma ngeNgqalasizinda, “ucwaningo luyaveza ukuthi ukuthuthukiswa kwengqalasizinda kuyisisekelo sokukhuculuka ububha nokukhuliswa komnotho emazweni asadlondlobala”. Ngokuhambisana nenqubomgomo kazwelonke, utshalomali ezinhlakeni zikahulumeni yikona okuthathwa njengokusemqoka ekukhuphuleni amazinga okutshalwa kwemali ezintweni ezinganyakazi, nokuyikhona okubalulekile ekukhulisweni komnotho. Izinhlelo ezinkulu zokuthuthukisa ingqalasizinda ziyaqhubeka futhi ke eziyishumi nanhlanu kweziyishumi neshiyalogombili ezihlanganisile (Strategic Intergrated Projects-SIPs) eziqukethwe kusomqulu obizwa nge National Infrastructure Master Plan zinomthelela kulesi siFundazwe.

Njengoba sekushiwo, izibonelelo ezinombandela eziningi ezibhekele ingqalasizinda zincishisiwe ngonyaka wezimali wezi 2018/19, kodwa ke ngaphandle kwalokhu, isiFundazwe **sihlela ukusebenzisa izigidigidi ezingama R12.5 ngowezi 2018/19, R12.6 kowezi 2019/20 kanye nezingama R13.2 ngowezi 2020/21 ezinhlelweni ezehlukene zengqalasizinda.**

Lokhu kuhlanganisa lezo zinhlelo ezixhaswe ezimalini ezabelwe isiFundazwe ngokohlelo lwe equitable share okuyimali eyabelwa isifundazwe nguhulumeni kaZwelonke kanye nolwe sibonelelo esinemibandela, i-conditional grant. Okungabaliwe kulokhu yizimali ezihlelwe nguMnyango wezokuHlaliswa KwaBantu nokuyilapho impahla ekhona kungeyona ekahulumeni futhi ke lokhu akufakiwe ohlwini oluchaza kabanzi ngezimali (infrastructure table) zengqalasizinda. Uma zifakiwe, lezizimali **isiyonke iba yizigidigidi ezingama R15.2, R15.5 kanye no R16.3 kwi MTEF.** Yigalelo elihle ke leli elinomthelela omuhle emnothweni wesiFundazwe. Uhla olunzulu oluqukethe izinhlelo zengqalasizinza okuzogxilwa kuzo ngowezi 2018/19 nangale kwawo, uqukethwe kusomqulu obizwa nge Estimates of Capital Expenditure, nayo engiyethulayo namhlanje.

Angisho futhi ukuthi imali eyizigidi ezingama R120 eyatholwa yisiFundazwe kwi European Union eminyakeni emine eyedlule ukwakha izikhungo zobuchwepheshe (Techno Hubs) isetshenziswe kahle kakhulu. ITecho Hub yase Richards Bay, eyase Newcastle neyase Ray Nkonyeni sezikulungele ukusebenza, kanti uMsunduzi wona usalungisa. Izolo (15 March 2018), besimatasatasa eDube Trade Port sikhombisa ngalezi zizinda zentuthuko kwi Investor Expo.

EZINYE ZEZINHLELO ZENGQALASIZINDA EZIHLELELWE UNYAKA WEZI 2018/19 MTEF:

EzokuThutha

UMnyango wezokuThutha uzosebenzisa izigidigidi ezingama R22.1 eminyakeni emithathu ka 2018/19 MTEF. Ezinye zezinhlelo abazozethula zihlanganisa lezi:

- Umgwaqo uP700, osuka oLundi uya eMpangeni, nokuyilapho kulungiswa khona ibanga elingamakhilomitha angama 93.5, kufakwa itiyela. Kanti ibanga elingamakhilomitha angama 84.5 seqediwe. Ngonyaka wezi 2018/19, loMnyango uhlela ukuqedela amakhilomitha angu 9 asele.
- UMgwaqo uP318 wona ke usekuqaleni kwentaba iDrakensberg, endaweni yase Sani Pass. Lo mgwaqo wona ulungiswa ibanga elingamakhilomitha angama 13.6 bese kufakwa itiyela. UMnyango sewukhiphe isikhangiso sethenda yokulungisa ibanga lamanye amakhilomitha anga 11.4 walo mgwaqo, kanti banethemba lokuwuqeda ngowezi 2019/20.
- Ukwakhiwa kwesikhungo sezokuThutha sase Mzimkhulu kuzoqala ngowezi 2018/19 bese kuqedwa ngowezi 2019/20.
- Ukwakhiwa kwe bhriji lomfula uMlalazi khona eMlalazi.
- Lezi ezilandelayo yizinhlelo ezizoqalwa ngowezi 2018/19 lapho kuzosetshenziswa abantu kudaleke amathuba emisebenzi:
    - UMgwaqo wesiFunda uD1613, osesizindeni somnotho eNanda, Ndwedwe nakwaMashu, lapho kuzolungiswa khona ibanga elingamakhilomitha angama 3.68. Babalelwa emakhulwini angama 250 abantu abazoqashwa ngaphansi kohlelo lwe EPWP nokuzokwenza ukuthi babe ngaphezu kwenkulungwane abantu bendawo abangase bahlomule.
    - UMgwaqo omncane uL1578 uzofakwa itiyela. Lo mgwaqo oseFolweni uyibanga elingama 2.5, kanti babalelwa ku 400 abantu bendawo abazoqashwa ngohlelo lwe EPWP.
    - UMgwaqo wesiFunda uD954 nomncane ongu L1099 abaseMzumbe abayibanga elingamakhilomitha ayisikhombisa esehlangane. Bababelwa kwabayikhulu abantu bendawo abazohlumula ngomsebenzi ngaphansi kohlelo lwe EPWP.

UMnyango wezeMpilo

Isabelomali sengqalasizinda yoMnyango wezeMpilo siyizi R5.4 billion kulo Nyakamali wezi 2018/19. Umnyango uzosebenzisa le mali ezinhlelweni ezehlukene, okubalwa kuzo lokhu okulandelayo:

- Ingqalasizinda enkulu okuzobhekwana nayo kulo Nyakamali ukuthi kuqhutshekwe nokwakhiwa isibhedlela iDr Pixley ka Seme Hospital okuhlelwe ukuthi iphele ngowezi 2019/20. Kuhlinzekwe imali engu R885.3 million ukwenza lo msebenzi kulo Nyakamali.

- Imisebenzi emincane ihlanganisa ukwakhiwa kwendawo yeziguli ezizohlinzwa enemibhede eyi 192 eNgwelezane Hospital, ehlinzekelwe u R198.9 million kulo Nyakamali, kanjalo nokulungisa indawo yezingane nokulungisa indawo ehamba amanzi, eyokuthutha indle neyokupaka eKing Edward VIII Hospital umnyango oyihlinzekele u R114.8 million kulo Nyakamali.
- UMnyango uzoqedela ukulungisa okuqhubekayo eWentworth Hospital, ePrince Mshiyeni Hospital, eKing Edward VIII Hospital kanye nePrincial Pharmaceutical Supply Depot okwakungumonakalo odalwe izimvula ezinamandla.

UMnyango wezeMfundo

UMnyango wezeMfundo uhlele ukusebenzisa izi R6.8 billion kulo Nyakamali wezi 2018/19. Lokhu okulandelayo kungeminye yemisebenzi ezokwenziwa ukuthuthukisa ingqalasizinda:

- Umnyango uhlela ukwakha izikole ezintsha ezimbalwa kulo Nyakamali. Kulezi zikole sibala uMtamtengwayo Primary School esiFundeni iPinetown, Mkhamba Gardens Primary School esiFundeni uThukela, kanye noMahlabeni Primary School esiFundeni uMkhanyakude, phakathi kwezinye.
- Umnyango uhlinzekelwe imali yokulungisa ingqalasizinda ngoNyakamali wezi 2017/18 kanye nowezi 2018/19 ukulungisa umonakalo owadalwa isichotho ngo September no-October 2017. Lo mklamo ufinyelele kwizi R83.3 million kuNyakamali wezi 2018/19, kanti umnyango uzoqhubeka ukulungisa izikole ezingama 324 ezaphephulwa imimoya ngoSeptember 2017, nezikole eziyi 170 ezonakala ngezikhukhula ngo-October 2017. Kwahlinzekwa amagumbi okufundela angomahamba nendlwana ukubambisa okwesikhashana njengoba kusalungiswa umonakalo.
- Imisebenzi eminingana isiya ngasemaphethelweni kanti umnyango uzoqhubeka nayo kuloNyakamali. Kule misebenzi sibala iLa Mercy Maths and Science Academy esiFundeni iPinetown okumanje isifinyelele eqophelweni lama 75% ngokwakhiwa, iHhoye Secondary School esifinyelele eqophelweni lama 80% okwakhiwa, neKhindi Jobe Secondary School emi kuma 75% ngokwakhiwa. Zombili lezi zakhiwo zisesiFundeni uMkhanyakude, kanye neSiphumelele Secondary School esiFundeni iKing Cetshwayo kanti yona isifinyelele esigabeni esingama 50% yakhiwa.

IZINDLELA ZOKUNQANDA IZINDLEKO

Ziyaqhubeka nokusebenza izindlela zokunqanda izindleko. Kufanele kuqhutshekwe nokulandela izindlela zokunqanda izindleko esifundazweni kanye nalezo ezikhishwe uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke. Yonke indlela yokonga iyasisiza ukuvikela imali ekhokhela ukuhlinzekwa kwezidingo kulezi zikhathi zokuncishiswa kwezabelomali. Isisho sase- Afrika sithi *“Uma ucabanga ukuthi umncinyana kakhulu ukwenza umehluko, kusho ukuthi awukaze uwuzwe umaskidi ebusuku.”*

Ngeke ngiphandaphinde udaba lokuncishiswa kwezindleko kule nkulumo njengoba engashintshile kakhulu kulawo onyaka owedlule. Uhla lwawo olugcwele luqukethwe kwisahluko sesibili se-*Estimates of Provincial Revenue and Expenditure* engisethula namhlanje, kanti uhla lezindlela zokunqanda izindleko oluvela eMnyangweni wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke lungatholakala kwi-website yabo.

UMNYANGO NGAMUNYE KUNYAKAMALI WEZI 2018/19

Le ngxenye ikhombisa isamba semali ehlinzekwe umnyango ngamunye bese idweba isithombe esibanzi sokuthi le mali izothengani. Itafula elilandelayo liveza isabelomali soNyakamali wezi 2018/19 MTEF somnyango ngamunye.

Budgets per Vote

	Medium-Term Estimates			
	2018/19	Percentage of Total	2019/20	2020/21
1. Office of the Premier	787 137	0.6%	822 568	874 699
2. Provincial Legislature	565 214	0.5%	600 520	640 797
3. Agriculture and Rural Development	2 324 108	1.9%	2 430 041	2 591 362
4. Economic Development, Tourism & Enviro. Affairs	3 009 296	2.5%	3 180 694	3 363 243
5. Education	50 903 682	41.6%	53 785 299	57 880 610
6. Provincial Treasury	650 900	0.5%	677 272	721 408
7. Health	42 347 664	34.6%	44 957 135	48 323 976
8. Human Settlements	3 647 237	3.0%	3 787 798	4 057 407
9. Community Safety & Liaison	224 949	0.2%	228 047	242 765
10. Sport and Recreation	451 953	0.4%	476 702	506 970
11. Co-operative Governance & Traditional Affairs	1 679 082	1.4%	1 777 022	1 891 067
12. Transport	10 062 047	8.2%	10 437 852	11 064 285
13. Social Development	3 287 882	2.7%	3 482 394	3 710 768
14. Public Works	1 587 932	1.3%	1 681 234	1 788 742
15. Arts and Culture	962 571	0.8%	975 808	1 000 439
Total	**122 491 654**	**100.0%**	**129 300 386**	**138 658 538**

Iminyango ilandelana ngokobungako besabelomali sayo:

UMnyango wezeMfundo

Njengokusho kukaChristine Gregoire, usopolitiki waseMelika nommeli ophinde abe umbusi wesifazane wesibili waseWashington: *“Imfundo isisekelo esakha phezu kwaso ikusasa lethu.”* Khona manjalo ingxenye enkulu yesabelomali sesifundazwe engu 41.6% isaya eMnyangeni wezeMfundo. Isabelomali salo mnyango kuloNyakamali siyizi R50.9 billion, izi R53.8 billion kanye nezi R57.9 billion. Lesi sabelomali sizosetshenziswa ukwenza imisebenzi ehlukene echazwe lapha ngaphansi, phakathi kweminye yayo.

Ingxenye enkulu yomklamo womnyango uzobhekela izidingo zabasebenzi. Kuzogxilwa kakhulu ekuthuthukiseni uhlelo lokufunda nokufundisa kulo Nyakamali, ikakhulukazi ngokuqinisekisa ukuthi kutholakala izinsizakufundisa ezibizwa nge-Learner Teacher Support Material (LTSM). Izinhlelo zokuthenga izincwadi nezinto zokufunda ziqala unyaka usephansi ukuqinisekisa ukuthi izikole ziyazithola izinsizakufundisa kusenesikhathi zilungiselela unyaka omusha wokufunda. Ezinye izinsiza zizohlinzekwa ezikoleni ngokuqhutshwa kohlelo lokufundisa. Lokhu kuzobandakanya, phakathi kokunye, izinsiza zabafundi abasohlelweni lwezibalo kanye nesayensi, kanjalo nalezo zokwenza umsebenzi ekilasini. Kuzoqhutshekwa kuhlinzekwe ukudla kwabafundi ezikoleni ezingaphansi kwezigaba ezingo quintiles1, 2 kanye no 3 ngaphansi

kohlelo lukazwelonke lwesibonelelo seNational School Nutrition Programme. Kuphinde kwafakwa izimali zokwakha kanye nokunakekela amagumbi asezinkulisa, neyokuthenga izinsizakufundisa kulezi zikole. Ithimba lomnyango elibhekelele uhlelo lokufundisa lizolandelela futhi liqaphe kulezi zikole. Lezi zikole zizothola uhlelo olufanele lokufundisa, luhambisana nezincwajana zezivivinyo kanye nememoranda. Lezi zinsizakusebenza zizosiza othisha ukuthola ukuthi ikhona yini inqubekelaphambili uma sebefundisile. Izikole zizoba nezinto zokukala inqubekelaphambili uma zifundisa ezoqashwa ngabahloli abavela esiyingini somnyango nyanga zonke. Umnyango uzophinde ugxile ekuhlinzekeni imfundo kubafundi abanezidingo eziyisipesheli. Njengoba sekushiwo, umnyango uzohlinzeka imisebenzi yokuthuthukisa ingqalasizinda enhlobonhlobo.

UMnyango wezeMpilo

Ngokwamazwi engcithabuchopho yaseScottland, uThomas Carlyle: *"Lowo ophilayo unethemba; kanti lowo onethemba unakho konke."* Siselapho, ingxenye yesibili ngobukhulu (34.6%) yesabelomali sesifundazwe iya eMnyangweni wezeMpilo. Kuhlinzekwe isabelomali sezi R42.3 billion, R45 billion kanye nezi R48.3 billion, kulo mnyango. Usazoqhubeka nokuhlinzeka ezempilo kubantu cishe abangama 88.1% eKZN abangenawo umshuwalense, kanjalo imikhankaso yokuvimbela ukutheleleka ngezifo, ukugqugquzela ukuphila impilo enhle, ukuhlolela izifo, ukudluliselwa kweziguli, ukuhlumelelisa, ukwelapha kanye nezimo zezempilo eziphuthumayo emitholampilo, imitholampilo emikhulu, kanye nezibhedlela zezifunda. Ukuhlinzekwa kosizo olufaneleyo lokwezokwelashwa lwasesibhedlela nokuhlinzekwa kosizo lezongoti bezempilo, okuhlanganisa ezokuhlumelelisa, indawo yokuqeqesha abasebenzi bezempilo nocwaningo kusemqoka emnyangweni. Umsebenzi wabo ukuthi baphinde bahlinzeke usizo oluphezulu lezokwelapha bese benza isizinda sezokuqeqesha. Umnyango uzogxila ekuphatheni ngendlela udaba lwezigameko zobudedengu lapho kwelashwa iziguli ukuze kuncishiswe izindleko ezikhokhelwa izinxephezelo zalawo macala.

Izindleko ezinkulu kulo mnyango ziba ukukhokhelwa kwamaholo abasebenzi, izindleko zokuthengwa kwemithi nezinto ezisetshenziswa uma kwelashwa, ukukhokhela iNational Health Laboratory Services ngokwenza umsebenzi wokuhlola, ukukhuphuka kwesidingo sokuhlinzekwa kosizo lwezokwelashwa, nokukhuphuka kwezindleko zokudla namafutha. Eminye imithelela kuba ukukhuphuka kwesidingo sokwelapha isifo sofuba, izinhlelo ezifana nemikhankaso yokugoma ukuze kunciphiswe ukushona kwezinsana nezingane, kanye nokushintshela ohlelweni lokuhlolela ingculazi bese uthola imishanguzo uma kutholakala ukuthi iziguli sezinegciwane leHIV nengculazi, phakathi kwezinye izinto. Umnyango uzophinde wenze uhlelo lokwakha ingqalasizinda ehlukene, njengoba besekuchaziwe.

Umnyango wenyuse isabelomali sawo ngoNyakamali wezi 2017/18 ukususa leyo misebenzi esilele yokuthenga izinsiza zokwelapha, kanti lesi sabelomali sizoqhubeka sibe phezulu kuNyakamali wezi 2018/19 siphinde sikhule kakhulu ngoNyakamali wezi 2019/20, ukuze uqhubeke nokuqedela imisebenzi esilele.

UMnyango wezokuThutha

UMnyango wezokuThutha uthola ama 8.2% esabelomali sesifundazwe. Umklamo walesi-sabelomali siwu R10 billion, R10.4 billion kanye no R11.1 billion kuNyakamali kule MTEF ka 2018/19. Ingxenye enkulu yale mali izosetshenziswa kwakhiwa noma kulungiswa imigwaqo yesifundazwe. Kunemisebenzi eyehlukene ezokwenziwa ngalo Nyakamali, esibala kuyo ukwakhiwa kwemigwaqo engakhonkiwe, imigwaqo yetiyela emisha, amabhuloho esikhashana, amabhuloho abahamba ngezinyawo kanye nawezimoto, ukubala eminye yale misebenzi. Ngowezi 2018/19, umnyango uzoqhubeka nokuxhasa abemboni yamabhasi ngezimali futhi uqhubeke nohlelo lwawo lwemikhankaso yokugcinwa komthetho nezokuphepha emigwaqweni. Kusukela ngowezi 2018/19, uhlelo lokuthutha abafundi luyasuka kulo mnyango luya eMnyangweni wezeMfundo.

Umnyango uzoqinisa izinhlelo zawo zemisebenzi yomphakathi ukuze ukwazi ukudala amathuba emisebenzi ayizi 58 260 kulo Nyakamali wezi 2018/19. Lokhu kuzokwenziwa ngokuqinisa ekwenzeni imisebenzi yokwakha edinga ukwenziwa ngezandla zabantu. Kukokhu, kuzokwenziwa emisebenzi ebiza R200 million kusetshenziswa abantu abaningi.

UMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu

UMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu uthola R3.6 billion, R3.8 billion kanye no R4.1 billion kule MTEF. Inhloso enkulu ukuhlinzeka izindawo zokuhlala ngokwemikhakha ehlukene yomphakathi, sibala ezindaweni zasemakhaya, nasemikhukhwini, kanti ingxenye enkulu yemali ihlinzekwa ngesibonelelo iHuman Settlements Development. Umnyango uzohlinzeka futhi uqaphe ukuhlinzekwa kwezindlu kuzo zonke izifunda, okubalwa kuzo ngisho iThekwini Metro, ngezinhlelo ezehlukene ngokulandela imigomo kazwelonke neyesifundazwe. Umnyango uphinde uhlanganise bese udidiyela izinhlelo zezokwakha, ukufundiseka kwababambe iqhaza kulo mkhakha, ukuhlela isabelomali sezokwakha imizi nezidingo ezikhona bebuka nezisazoba khona, nokukhulisa abasemkhakheni wezokuhlinzeka imizi ngokubafundisa nokubaqeqesha.

Umkhankaso wokukhuculula imijondolo usaqhubeka nokuba ngosemqoka esifundazweni. Kulindeleke ukuthi le misebenzi izohlinzeka izindawo zokuhlala emindenini eyi 134 601 okumanje ehlala emijondolo. Kulindeleke ukuthi kwakhiwe izindlu ezingama 24 522 kulo Nyakamali. Ngowezi 2018/19, kulindeleke ukuthi izindlu eziyi 4 110 zibe seziphelile.

Umnyango uzoqhubeka nohlelo iCornubia Integrated Residential Development Programme uNyakatho neTheku okunguhlelo olusemqoka lukazwelonke kuNyakamali wezi 2018/19. KuNyakamali wezi 2018/19, izindlu eziyi 2 704 zizokwakhelwa imindeni eyinamba efanayo.

UMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi

UMnyango wezokuthuthukiswa koMphakatho uthola R3.3 billion, R3.5 billion kanye no R3.7 billion kuMTEF ka 2018/19. Ingxenye enkulu yomklamo womnyango

ngeyokuhlinzeka osonhlalakahle. Isabelomali sihlanganisa imali efakwe ukulekelela ohlelweni lukazwelonke lokubeka phambili ukuhlinzekwa kwezidingo ngokuseqophelweni eliphezulu izinhlangano ezingezi nzuzo. Isibonelelo sokuQasha oSonhlalakahle sizosetshenziswa ukukhokhela izindleko eziqhubekayo zokukhokhela osonhlalakahle abayi 166 abathathwa umnyango ngowezi 2017/18. Ngowezi 2018/19, umnyango uzoqhubeka nokuhlela kabusha ukuhlinzekwa kwezidingo kusetshenziswa izinhlangano ezingenzi nzuzo ezikhokhelwa umnyango, ukuqinisekisa ukuthi imali edingakalayo enguchatha engama 6% eyahlinzekelwa lezi zinhlangano ezingezi nzuzo ngowezi 2015/16 iyakhokhwa ngowezi 2018/19.

Umnyango uzoqhubeka ukuhlinzeka izidingo zezenhlalakahle njengokunakekelwa kwabantu abadala, abantu abaphila nokukhubazeka, ukunakekela, nokusiza imindeni, kanjalo nokunakekela izingane nezokuvikela, ukubala ezinye zezidingo.

UMnyango wezokuThuthukiswa koMnotho, Ezokuvakasha, kanye nezeMvelo

Lo Mnyango uthole R3 billion, R3.2 billion kanye no R3.4 billion kuMTEF ka2018/19. Ingxenye enkulu kulesi sabelomali sizodluliselwa ezikhungweni ezingaphansi kwalo mnyango, njengeRichards Bay IDZ, iDube Trade Port, Ezemvelo KZN Wildlife, phakathi kwezinye. Isabelomali siphinde sihlinzekele eminye imisebenzi nezinhlelo ezehlukene, okubalwa kuzo ukuqaliswa kohlelo lwe-Black Industrialists ne-Operation Vula, ukuqalwa kwe-Industrial Economic Hubs, phakathi kwezinye. Umnyango uzokwenza ubudlelwano bokusebenzisana nezikhungo zemfundo ephakeme ezifana neDurban University of Technology ukuze kuqeqeshwe intsha, abaphila nokukhubazeka, abesifazane kanye nabangasebenzi ukubacija kumakhono afanele ukuze baqasheke futhi bakwazi ukuzisungulela amabhizinisi abo azodala amathuba emisebenzi amaningi. I-Operation Vula izogxila emikhakheni eyehlukene, okubalwa kuyo imikhakha yezendwangu, eyokubaza ifenisha, imboni yezokukhiqiza, ezokubhaka, ezolimo neyozokuthuthukisa ingqalasizinda.

Ukwengeza, umnyango uzogxila ekwakhiweni kweLadysmith Black Mambazo Music Academy eLadysmith. Umnyango usohlelweni lokudweba uhlelongqangi lweminyaka emi 5-year lokuhlelakabusha umnotho wosomabhizinisi abancane abazimele ukuze ube semthethweni ukuze uhambisane nomnotho wesifundazwe, lokhu kuzokwenza ukuhleleka kabusha komnotho kube lula, kuhambisane nohlelo olubanzi lokuhlela umnotho ukuze uhlanganise bonke abantu esifundazweni.

Kusemqoka ukuqaliswa kohlelo lwezokuvakasha olubheke ngqo emphakathini, ezindaweni zasemakhaya, nasemalokishini njengengxenye yokuhlela kabusha umnotho kule mboni. Umnyango uzoqhubeka ukusebenzisana nalabo ababambe iqhaza kwezokuvakasha ukuze kusetshenziswane ezinhlelweni ezibalulekile.

UMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya

UMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya uthola R2.3 billion, R2.4 billion kanye no R2.6 billion kuleminyaka emithathu, kanti uzogxila ekulekeleleni imiphakathi entulayo ukuthi ikwazi ukukhiqiza ukudla ezokudla. Uzoqhubeka nokulekelela abalimi bemikhiqizo edayisayo ngenhloso yokuthuthukisa imikhiqizo

yezolimo, uphinde ugxile ekuthuthukiseni imiphakathi ezindaweni zasemakhaya ngokohlelo lokuba nezindawo zokukhiqiza imikhiqizo yezolimo ngendlela ehlelekile.

Ngokohlelo olubizwa nge-Food and Nutrition Security programme, umnyango usubeke imali ewu R203 million yokungenelela ngezinhlelo okubalwa kuzo i-One-Home-One-Garden, izivande zomphakathi, i-One-Hectare-One-Household, iziVande zeziKhungo, i-One-Household-One-Fruit tree (noma ngaphezulu), izimbuzi zasekhaya, izinkukhu zasekhaya, kanye namakhowa.

Umnyango uzobeka phambili izinhlelo zokuthuthukisa ingqalasizinda okubalwa kuyo izindawo zokutshala izithombo, amadlelo emfuyo, amadamu, amapitsi, izinhlelo zokuchelela, amadiphu, ukufuywa kwezinkukhu, ukufuywa kwezingulube, njll, njll. Lezi zakhiwo zizosiza abalimi abancane ukuthi banyuse umthamo wemikhiqizo bathuthukele esigabeni esiphezulu kwezolimo.

UMnyango wemiSebenzi yoMphakathi

UMnyango wezemiSebenzi yoMphakathi uthola R1.6 billion, R1.7 billion kanye no R1.8 billion kuMTEF ka 2018/19, okuyimali ezosetshenziswa ikakhulukazi ukukhokhelwa kwama-rates ezakhiwo zikahulumeni wesifundazwe, kanjalo uqhubeke nokuqalisa imisebenzi yeGIAMA, ehlanganisa ukuhlolwa kwezimo zengqalasizinda. Ngonyakamali wezi 2018/19 kuzohlolwa izimo zamahhovisi esifunda ezingama 209 nezibhedlela zesifunda ezine, bese kwenziwa izinhlelo zokugcina esimweni lezi zikhungo.

Umnyango uzoqhubeka uqinisekise ukuthi izinhlelo ze-EPWP ziyaqhubeka nokudala amathuba emisebenzi kwakhiwe imisebenzi eqhubekayo, nokuyinto ezosiza ukulwa nobuphofu, nokuyizinhlelo ezizohlomulisa abantu abaphila nokukhubazeka. Umnyango usuzibekele isikalo sokuvula amathuba emisebenzi ayizi 6 000 bese kuba angama 600 okuqashwa ngokuphelele ngonyakamali wezi 2018/19. Lo mnyango uzoqhubeka nokuhlela ezingeni lesifundazwe nokuqapha izinhlelo ze-EPWP. Uzolekelela izikhungo zomphakathi ezingama 66, komasipala abangama 54 neminyango yesifundazwe eyi 12 ubika ngohlelo lwe-EPWP ukuqinisekisa ukuthi izinjongo zezinhlelo ze-EPWP ziyafezeka.

UMnyango wezokuBusa ngokuBambisana kanye nobuHoli boMdabu

UMnyango wezokuBusa ngokuBambisana kanye nobuHoli boMdabu uthola isabelo ensingu R1.7 billion, R1.8 billion kanye no R1.9 billion kuleminyaka emithathu. Umnyango uzoqhubeka nokudlala indima yokuhlanganisa, welekelele, ugqugquzele, bese ugxilisa ezokubusa, ezokuphatha kanye nokubandakanya umphakathi kuhulumeni ezingeni lomasipala, uphinde futhi ulekelele futhi uhlinzeke uqeqesho ezikhungweni zezobukhosi bomdabu. Umnyango uzoqhubeka ukulekelela ukubekwa kwamaKhosi bese uqinisekisa ukuthi ukukhethwa kwemiKhandlu yamaKhosi, okwakuhlelwe ukuthi kube ngoNyakamali wezi 2017/18 kodwa kwabuye kwahlehliselwa uNyakamali wezi 2018/19, kwenziwa ngendlela esobala, ekhululekile futhi ngokungenzeleli.

Indima yomnyango kuphinde kube ukugqugquzela ukuhlela intuthuko ngokudidiyela esifundazweni. Lokhu kubala ukwakhiwa kohlelo olubanzi lwezakhiwo zamakhosi

ngokuvumelana namaKhosi ukuze kuhlelwe ngendlela ehlelekile ezindaweni zasemakhaya. Bazophinde balekelele omasipala ukudweba izinhlelo zokuthuthukisa amadolobha, basize ukukhulisa amadolobha amancane.

Umnyango uzosebenzisa imininingwane ehambisana nokuguquguquka kwesimo sezulu kwakhiwe amaqhinga aphusile alekelela isifundazwe ukuthi sibhekane nalolu daba olubalulekile. Kulokhu, iziKhungo zokuBhekana neziNhlekelele zizolekelelwa futhi zilungiswe, kuzophinde kulekelelwe zonke izifunda neminyango ngezinhlelo zokubhekana nengcuphe yezinhlekelele.

UMnyango wezamaCiko namaSiko

UMnyango wezamaCiko namaSiko uthola isabelo esingu R962.6 million, R975.8 million kanye nesi R1 billion ku 2018/19 MTEF. Umnyango uzoqhubeka nomsebenzi wawo wokuqinisekisa ukugcinwa kwamasiko ngabantu balesi fundazwe ngokubamba imibuthano yamasiko nokuhlinzeka kwezincwadi zokufunda nokubhala. Ukufakwa kobuchwepheshe besimanje kwizikhungo zokugcina khona amagugu kuzokwenzeka ngokushesha uma sekuthengwa imishini yalobu buchwepheshe. Lokhu kuzokwenza ukuthi umphakathi ukwazi ukufinyelela kwizinsiza ezikhungweni zokugcina amagugu ngokusebenzisa ubuchwepheshe beKZN Heritage, ukwakhiwa kwayo osekufinyelele emaphethelweni.

Ukwengeza, umnyango uzogxila ekwenzeni ngcono ukusebenza kwezikhungo zokugcina amagugu ezikhona ukuze zikhombise kangcono amasiko ehlukene esifundazwe.

Imitapo yolwazi engama 230 izothola izimali zokukhokhela abasebenzi kanye nokusebenza kwayo. Kuzothengwa izincwadi ezintsha ukwengeza kulezo ezikhona eziyizi 3.3 million.

Umnyango uzoqedela imitapo yolwazi eNgwavuma naseBilanyoni ngowezi 2018/19 futhi uzoqhubeka nokwakha imitapo yolwazi emisha eMtubatuba, eRichmond, eMhlathuze, eNqutu kanye naseDannhauser. Uzophinde ulungise futhi unakekele imitapo yolwazi esikhona. Umnyango uzothenga izincwadi ukulekelela izinhlelo zokufundisa ezikoleni nasezikhungweni zemfundo ephakeme ukuze kubhekeleleke isidingo sokulekelela ezemfundo imitapo yolwazi yomphakathi.

IHhovisi likaNdunankulu

IHhovisi likaNdunankulu lithola R787.1 million, R822.6 million kanye no R874.7 million kuMTEF wezi 2018/19. Imisebenzi yeHhovisi likaNdunankulu ibandakanya ukuhlanganiswa kwenqubomgomo yesifundazwe kanye nokuhlela, ukunikeza umhlahlandlela nokuhola ezingeni lesifundazwe nokudlala indima yokuxhumanisa iminyango, nokugqugquzela usiko lokukhuthaza amalungelo abantu nokunaka izinto ezithinta ubulili esifundazweni, phakathi kokunye. Ukwabiwa kwemali kubhekelele izinto ezixhantile nezenabile, njenge-Operation Sukuma Sakhe, uphiko olubhekele ukusebenza ngobuqotho, ukuthuthukisa intsha, izikhungo zokuqoqwa kolwazi (Nerve Centre), ukubhekelela izindaba zaseNdlunkulu, kanye nokulekelela zontathu izikhungo Amafa, KZN Gaming and Betting kanye neRoyal Household Trust.

UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa

UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa uthola R650.9 million, R677.3 million kanye no R721.4 million kulo 2018/19 MTEF. Ingxenye enkulu yesabelomali iya ekuphathweni kwezimali, uphiko lokucubungula amabhuku lwangaphakathi, kanye nasophikweni lokuthenga impahla kanye nemisebenzi yeminyango kahulumeni. UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa uzoqhubeka nokulekelela ngakwezobungoti ekwakhiweni koHlelongqangi lweNgqalasizinda yesiFundazwe. UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa uzophinda uqhubeke nokuqapha ukusetshenziswa kwemali iminyango nezikhungo zikahulumeni, ngenhloso yokuqikelela ukusetshenziswa ngendlela kwemali esifundazweni, kubhekwe kakhulu ukukhokhelwa kwengqalasizinda. Kulokhu, kuzohlala kubikelwa izinhlaka zokuqapha ezehlukene kulo mkhakha ngokusebenza kwesabelomali sesifundazwe.Indlela okwenziwa ngayo manje yokuqapha imali yeminyango nsuku-zonke ukuqinisekisa ukusebenzisa imali ngendlela izoqhubeka.

UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa uzoqhubeka ukuqinisekisa ukuthi kulandelwa yonke imithetho yezokuthengwa kwempahla nemisebenzi kahulumeni iminyango yesifundazwe, omasipala nezikhungo zikahulumeni uphinde wenze kube nokuhambisana phakathi kwezinguquko kwezokuphathwa kwezimali nezokuthenga impahla nemisebenzi kahulumeni. Kuzokwenziwa uhlelongqangi lokuqinisekisa ukuthi imithetho iyalandelwa ukuqinisekisa ukuthi akwenzeki izigameko zokusebenzisa imali ngendlela engafanele ophikweni lwezokuthenga impahla nemisebenzi kahulumeni.

Kuzolekelelwa iminyango nezikhungo zikahulumeni ukuze kwenziwe ngcono imibiko yokuphathwa kwezimali. UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa uzoqhubeka nokulekelela iminyango ngosizo lokucwaningwa kwamabhuku kwangaphakathi kubhekwe lezo zindawo ezinengcuphe, kubukwa indlela yokuphatha efanele, futhi uzophinde uqalise ukusebenza komgomo nohlaka lwengcuphe olubuyekeziwe esifundazweni.

Kusukela ngowezi 2018/19, uPhiko oluLekelela oMasipala luzoba uhlelo oluzimele futhi luzoqhubeka nokubhekelela izabelomalo zomasipala, ezocwaningomabhuku nokubika, kanjalo noHlelo lokuLekelela oMasipala.

IsiShayamthetho sesiFundazwe

IsiShayamthetho sesiFundazwe sithola isabelo sika R565.2 million, R600.5 million kanye no R640.8 million kuleminyaka emithathu. Ingxenye eningi yesabelomali sesiShayamthetho ngeyezokushaywa kwemithetho nokubamba iqhaza endimeni yokubheka imisebenzi yesishayamthetho, kanjalo nokubamba iqhaza komphakathi ezinhlelweni zesiShayamthetho. Izinhlelo ezibandakanya umphakathi ezifana nokuYisa isiShayamthetho kuBantu zizoqhubeka. IsiShayamthetho sizosebenzela ukukhuphula izinga lokusebenzisana nezinhlaka ezehlukene njengokomyalelo womthethosisekelo ogqugquzela ukuthi kusetshenziswane nomphakathi ezinhlelweni zokwenziwa kwemithetho nokunye eSishayamthetho. Iminyango izomenywa eMbuthanweni yeziNhlaka ezehlukene ukuthi izomela ama-APPs ayo ahlonza indima yayo nalezo zinhlelo efuna ukuzenza kulo nyaka. Kuzokhulunyiswanwa nomphakathi lapho iminyango yethula ama-APPs yawo. Amakomidi esiShayamthetho azodlala

indima yawo yokubheka ngeso elibanzi imisebenzi yesiShayamthetho ukuqinisekisa ukuthi isiGungu soNgqongqoshe siyawenza umsebenzi osezingeni eliphezulu ngokuhambisana nemigoqo ababekelwe yona.

WezemiDlalo nokuNgcebeleka

UMnyango wezemiDlalo nokuNgcebeleka uthola R452 million, R476.7 million kanye no R507 million kulesisikhathi kanti ufuna ukugqugquzela, ukuqala, uphathe bese ufaka imali kwezemidlalo eKZN. Uphinde uqinisekise inqubekelaphambili ekutheni kubanjwa iqhaza kwezemidlalo, nezokungcebeleka, ukuvukuza ikhono, kanye nokugqugquzela ukwenza kahle emidlalweni, kanjalo nokwakha izinkundla zemidlalo nokungcebeleka.

Ezinye izinhlelo kowezi 2018/19 zibala ukwakhiwa kwezikhungo zezemidlalo nokungcebeleka ezingama 71, kwenza isikhungo esisodwa sezemidlalo nokuhlumelelisa, izindawo zokuzivocavoca ezingaphandle eziyi 11, izindawo zokudlala imidlalo enhlobo-nhlobo eziyi 11, izikhungo ezibizwa ngama-kick-about eziyi 11, izindawo zokuzivocavoca izingane ezingama 33 kanye nezikhungo zezifunda ezintsha ezine zokuzicijela imidlalo enhlobonhlobo.

Kuzoqeqeshwa abafundisi kanye namavolontiya ekuqeqesheni, ukuphatha ezindaweni ezidinga amakhono athize, nasekuphathweni kwamathimba. Phezu kwalokho, umnyango ufuna ukuhlinzeka izikole eziqokiwe ezingama 400 ngezinsiza zezemidlalo kanye namajezi okudlala.

Umnyango uzoqhubeka nokubeka phambili ukugqugquzela abantu ukuthi baphile impilo yokuzivocavoca ukuze kuliwe nezifo kanye nokukhuluphala ngokweqile.

WezokuPhepha koMphakathi nezokuXhumana

UMnyango wezokuPhepha koMphakathi kanye nezokuXhumana uthola R224.9 million, R228 million kanye no R242.8 million kuleMTEF. Ingxenye ekhulu yesabelomali salo mnyango iya ezinhlelweni zokuphepha komphakathi, okubalwa kuzo uhlelo lokuzinikela ukulwa nobugebengu emphakathini, ukuqhutshwa kwezithangami zezokuphepha komphakathi kanye nokuhlinzekwa ngezokuphepha emphakathini, imikhankaso yokuqwashisa ngobugebengu (ukulekelela izisulu zobugebengu, ukulwa nokusetshenziswa ngokungemthetho izidakamizwa, ukuvinjelwa kubugebengu, njll, njll,) ukuhlolwa kwezikhungo zamaphoyisa, ezobulungiswa, ukuvimba ubugebengu nezokuphepha, ukulwa nokuntshontshwa kwemfuyo, ukulwa nezingxabano ezikapakela ngaphandle kwemingcele, kanye nodlame lwamatekisi, phakathi kokunye.

ISIPHETHO

Nakuba kunokuncishiswa kwesabelomali, siyazibophezela kubantu bakwaZulu-Natal ukuthi sizozivikela izinhlelo zikahulumeni ezisemqoka ngokusemandleni ethu ukuze ungashabalali umbono wethu wokuqinisekisa impilo enhle kubo bonke abantu.

Indlela esiphethe kahle ngayo imali isisizile esikhathini esedlule futhi zophinde isisize ukubhekana nokuncishiswa kwesabelomali, kulesi sikhathi siphikelele ekufezekiseni

izinhlelo zethu eziseqhulwini. Kubalulekile kithina sonke ukuthi sizibophezele ohlelweni lukahulumeni lokunciphisa izindleko njengoba lokho kungewona nje umsebenzi woMnyango wezokuGcinwa kwaMafa nje kuphela. Kufanele sonke sidlale indima kulokhu. Kufanele senze kangcono uma sisebenzisa imali ukuze sidlulisele imali eningi ezinhlelweni zethu ezisemqoka zokuhlinzeka izidingo ukuze kusizakale abantu bakithi, ikakhulukazi ngalesi sikhathi sokuqhubeka nokuhlela kabusha izimali.

"Akukhathalekile ukuthi ubusuku bude kangakanani, kuyeza ukusa" – isisho sase-Afrika.

Ngifuna ukubonga uMhlonishwa uNdunankulu, Mnuz.T.W. Mchunu, kanye nozakwethu kwisiGungu soNgqongqoshe ngokuseseka kwabo. Ukubonga kwami kubheke kwiKomidi loNgqongqoshe elibhekelela iSabelomali. Kudingeke sithathe izinqumo ezinzima ngempela silungiselela lesi sabelomali kanti sikwenze lokhu ngokubambisana. Ngokwamazwi ka-Oprah Winfrey, *"Lapho kungekho khona ukuzabalaza, akubi khona ukuqina."* To quote Oprah Winfrey, *"Where there is no struggle, there is no strength."*

Ngithanda ukudlulisa ukubonga kwami kuNgqongqoshe wezeziMali kuZwelonke kanye neziKhulu zoMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke ngokusihola nokuseseka ngalezi zikhathi ezinzima.

Ngiphinde ngibonge amaLungu esiShayamthetho kanye, ikakhulukazi, usihlalo, Mnuz. S.C. Nkosi, kanye namaLungu eKomidi lezeziMali ngokuseseka kwabo.

Ngibonga iziNhloko zemiNyango, iziKhulu ezibhekelele uPhiko lwezeziMali kanye nabasebenzi beminyango kahulumeni wesifundazwe ngeqhaza abalibambile ekuphatheni izabelomali zabo.

Ngiyabonga Nhloko yoMnyango nethimba lakho ngokusebenza amahora amade, nangaphansi kwengcindezi yesikhathi ukuze nikhiphele lesi sabelomali esinemininingwane eminingi. Ngicabanga ukuthi ngikhulumela isifundazwe sonke uma ngithi siziqhenya kakhulu ngani!

Ngibonga umndeni wami ngothando lwawo nokungeseka.

Ngiyabonga.